


UMLAYEZO WOKUPHELA KONYAKA OPHUMA KUMPHATHI WESIFUNDA SASEZULULAND

Ngithanda ukubingelela umphakathi owakhele isifunda seZempilo saseZululand. Isifunda saseZululand sinenjongo nemigomo esisebenza ngaphansi kwayo noma esimelwe ukuba siyifeze ekugcineni kosuku. Injongo ngqangi yesifunda sethu ngukuthukisa izimpilo zomphakathi wakulesi sifunda.

Lokhu sikwenza ngokunikeza umphakathi wethu usizo olusezingeni eliphezulu, sisebenzisa izinsizakusebenza nezinhlelo esizibekele zona njengesifunda seZempilo. Kodwa-ke into eyenza kube lula ukuba injongo yethu ifezeke ngukuthi konke esikwenzayo sikwenza ngokwethembeka, ngeqiniso, ngokungachemi ngokwezinhlangano, okokugcina okubaluleke kakhulu ngukuthi sibandakanya umphakathi ekuthathweni kwezinqumo.

Njengomphathi sifunda owengamele oMasipala abahlanu, ngithanda ukukuveza ukuthi yebo izinkinga bezike zivele kodwa azizange zabadikibalisa abasebenzi. Ngasohlangothini lokusebenza ngingasho ngithi ngibonga kakhulu umsebenzi eniwenzile neniwenzayo basebenzi boMnyango weZempilo kulesiSifunda. Uma ngibona ukuzikhandla okungaka enikwenzayo ngike ngibale ngenhliziyo ngizibuze ukuthi



Umphathi wesiFunda saseZululand uNkz DT Memela ethula umlayezo wakhe kubasebenzi kanjalo nasemphakathini waseZululand

nikwenza kanjani konke lokhu. Ngifisa sengathi ningaqhubeka nokusebenza ngokuzikhandla ukuze sikwazi ukufeza injongo yomphakathi esisebenza ngawo. Ngibonga nezibhedlela elibonakalile igalelo lazo njengonga iVryheid iphumelele kwiMpumelelo Award, Itshelejuba yathola igolide kwi Premier Service Excellence Award.

Sonke sinenselelo yokuthi siqhubeke nokusebenza ngokuzikhandla ukuze siqhubeke nokunika impilo encono kanjalo nethemba emiphakathini esiyisebenzelayo. Kubalulekile ukuthatha konke sikubhekise kuNkulunkulu njengoMqali noMphelelisi wezinto zonke.



Sonke siyazi ukuthi uma kuqala unyaka siyaye sibe nezinto esizibalulayo ukuthi sifuna ukuzenza ngalowo nyaka. Kuyenzeka-ke ukuthi kwabanye zifezeke kuthi kwabanye zingafezeki. Kulabo ezingafezekanga ngithanda ukubayala ngokuthi bangadikibali kunalokho baqhubekele phambili nemicabango yabo emihle. UNkulunkuluzobabusisa zifezeke zonke izifiso zabo. Nginifisela uKhisimuzi nonyaka omusha omuhle ogcwele izibusiso. Unkulunkulu abe nani kukho konke okuhle enifisa ukumdumisa ngakho ngalamaholidi okuzalwa kwendodana yakhe uJesu Kristu



KHANYA AFRICA'S DISTRICT LAUNCH AT ZULULAND

Department of Health officials, Khanya Africa's members and coordinators gathered at Benedictine Hospital to attend the District launch for Khanya Africa. This event was held on 04 December 2008 at 19h00. Khanya Africa is a non profit, non governmental organization of health care professionals. These officials dedicates themselves in rendering health care services to rural communities. Khanya Africa members are dedicating their spare time and go to the remote areas and give help to the communities that are unable to access health care services. Other districts have launched theirs and today was the day of Zululand district.

Amongst the dignitaries that attended the launch there was MEC for Health (Mrs. N.P. Nkonyeni) and Dr. Nxumalo (Chairperson for Khanya Africa). " In some cases we identify families to be visited during our events and I have met a number of people with serious fractures who are not known to health facilities because they are living in remote areas" said Dr Nxumalo.

He pleaded with all health professionals to join Khanya Africa. "The most important thing that we do when



Mrs. D.T. Memela (Zululand District Manager) and MEC for KZN Health pledging to cross valleys and climb mountains to offer the best service that they can to rural communities.

We visit to communities is to educate patients. We have realized that people do not have enough information." There were statements of commitment that were prepared by Khanya Africa coordinators. These statements were issued to those wishing to join the organization. A large number of Zululand staff members signed the pledges The MEC for KZN Health

told the health professionals during the launch that this organization is really playing a vital role. " People have been phoning me and say they have attended Khanya Africa's visits and it is really helpful said the MEC. She thrown a word of gratitude to Zululand staff that signed the statements/pledges of commitment.

"Forward with the spirit of Voluntarism"

Prepare yourself for a good start to finish best



Mr M C Mthembu-SCM

We thank the Almighty God for His tender mercies that He has kept you and I alive unto this far. All we have to do is to celebrate life that He has given to us through our Savior.

We may have suffered in different ways over the past eleven months, but surely we are provided with the comforter and a wonderful counselor. Some of us may be hopeless and fearful to retry resetting their goals for the new year because of failure. **Philippians 4 verse 13: For I can do everything through Christ, who gives me strength.** Let your plans be blessed by God first so that nothing can stand on your way. Turn your setbacks into victories, don't be discouraged by your negative experiences. This is a perfect time to reposition yourself, a time to focus and time to aim for a shoot.

This is a time to forgive bearing in mind that we were once forgiven. If you don't forgive you may end up rubbing your scars and that may resurrect the wound, and surely you will start the new year with bitterness. Start by forgiving yourself, free yourself from the prison of the past. The Athlete must have a good start in order to finish best. Your end result will be determined by the way you started. This Christmas make someone happy, bring a smile on someone's face by sharing the little that you have with those who doesn't have anything.

Wish you all the Best.

R8 MILLIONS TO BUILD A CLINIC AND R11 MILLION TO BUILD A BRIDGE IN THE SAME PLACE



MEC for Health Ms Peggy Nkonyeni and MEC for Transport Bheki Cele together in service delivery

The Vryheid community gathered in Vumani (Ward 5) on October 11 2008 to witness the sod turning for the clinic and for the bridge by the Department of KZN Health and the department of Transport. This community was so excited to see MECs for different departments coming to them to deliver the most important services that all communities relay needs to have. "It is with sadness to announce today that Councilor Xulu has passed away, this councilor is one of

the community leaders that came to my office to apply for this clinic that we are here to turn the sod for" MEC for Health said. The department of Health decided to come with the Transport department because it was going to be useless to come and build a clinic without making sure that the roads and bridges that lead to the clinic are in order. The MEC for Health was told that there is a problem of the bridge nearby where the clinic would be

built. Therefore the department of Health decided to come with the department of Transport. The MEC for health said without hesitation that they are going to spend about 8 million rands to build the clinic for the Vumani community. The department of transport would spend about 11million rands for the bridge.

MEC for Transport Bheki Cele emphasized that "People that are going to work in the project for this bridge would be people from Ward 5 except for the positions that requires special skills that the community does not have".

"The community of Vumani have been walking long distances to Zwathi and Vryheid to get health services. So we are very happy today because it is clear that these two departments care for the community they serve" Inkosi Xulu said.

The MEC for Health took much of her time talking about HIV/AIDS related issues. She encouraged people to go for VCT more especially men. She then urged men to form a Men in partnership against HIV/AIDS. MEC stated the same for women as they must form a Women in partnership against HIV/AIDS.



NDOH VISITED THE ZULULAND TO THE REVIEW THE DISTRICTS PROGRESS ON PMTCT

On the seventh of October 2008, the National Health officials from PMTCT component visited the Benedictine Hospital for the review of the progress on PMTCT. Zululand District is one of the eighteen district that were identified as being struggling to reach targets. The NDOH decided to come and have discussions with them so as to check their work and strategies that these districts

has set to tackle these challenges that they are faced with.

" This is the support visit, we just want to review and check the progress of the dual therapy" said Precious Robinson (National Deputy Director – PMTCT) .

Presentations were made, Mrs. GT Shamase(Benedictine Hospital CEO) made a presentation on the history and developments.

(PMTCT coordinator) made a presentation on the District PMTCT. After the presentation on PMTCT questions and solutions to the problem of not reaching targets came from the National Office. Towards the end of the day Mrs. D.T. Memela (District manager) accepted that indeed there are challenges and she then tabled the strategies that the district have developed to tackle these challenges.

MEC'S DELIVERY PROGRAM FOR KWANOBAMBA AREA



Computers and School Soccer kits that were delivered by Health MEC at kwaNobamba Area on 11 October 2008

The MEC for KZN Health, Ms N.P. Nkonyeni visited the community of KwaNobamba near the KwaNobamba Tribal Court. The purpose of this visit was to deliver soccer kits, computers, community garden implements and wheelchairs. Mr. Mbuyisa (Chairperson of Izinduna) introduced the purpose of the event by stating that the community of KwaNobamba made applications to the office of the MEC seeking these resources. "We made this application after we have realized that our schools do not have computers. This affects our kids when they decide

to further their studies at tertiary level" said Mbuyisa.

MEC for KZN Health told the community of KwaNobamba that her department scrutinized the application and decided to come because they realized that this community has never been visited by any MEC for service delivery. To deliver computers is not part of our duties but made applications to SAFIKA IT Company and we managed to get 32 computers. This community has fourteen schools which means each school would get

two computers and one printer. We (Health department) also managed to get twenty five blankets to give some families that were identified by Izinduna as needy families. Home Affairs department and SASA were also there doing their activities on this day of the event.

The MEC took much of her time talking to the community about the HIV/AIDS pandemic. "Scientists have tried to come with the cure for this disease but they have failed. So today I just want to be frank with you and tell you that no one is capable of curing AIDS but ARV's are there to boost the immune system. I want to urge you to also go for traditional medication if you feel that it can help you because we have realized that maybe a traditional solution is required for this disease" said MEC. She also urged men to go and form a Men in partnership against HIV/AIDS and women to form Women in partnership against HIV/AIDS. By so doing we would be able to fight this pandemic.



UMGUBHO WOSUKU LWENGCULAZI

Minyaka yonke ngomhlaka 1 December umhlaba wonke uba nemicimbi eyahlukahlukene yokuqwashisa ngesifo sengculazi kanye nesandulela sayo. Naku-lonyaka lokhu kuzokwenzeka kuleli njengoba kuhlelwa umcimbi ngomhlaka 1 December 2008 e Sahara stadium (eThekweni). Kulindeleke abantu abalinganiselwa

ku 30 000 kulomcimbi abaphuma kwizifundazwe ezahlukene. Kuhlelwe nezitimela ezimbili esiphuma e Gauteng kanjalo nase CapeTown.

Isifunda saseZululand siyingx- enye yalomgubho njengoba sihlele amabhasi amahlanu omphakathi kanye nabasebenzi abazothamela lomcimbi.

Lesifunda siphinde sahlanganisa indwangu ebomvu yokwakha I ribbon elibomvu elizophuma kuwowonke amahhovisi ezifunda njengomlayelo wehhovisi leZempilo kuleli. Isiqubulo salonyaka sithi, **"STOP AIDS AND TB LEAD AND UNITE"**



SIXOXA NGEZITHOMBE

INJABULO UNGQONGQOSHE ELETHE AMAJEZI, AMACOMPUTER NEZINSIZA KUSEBENZA EZIKOLENI NASEMPHAKATHINI KWANO BAMB



Umphakathi wabe uphume ngobuningi uzokwamukela izinto owabe uzicele kuNgqongqoshe emcimbini owabe ungomhlaka 1 April kulonyaka



Amacomputer namajezi ezikole zakwaNobamba okwabe kulethwe uNgqongqoshe weZempilo Ngomhlaka 11 January 2008



Izinsiza kusebenza ezabe ziya emphakathini wakwaNobamaba ukuze ukwazi ukuzisiza ngazo



Ogogo nabakhubazekile bamukeliswa izinqola zokuhamba ngosuku lomcimbi.



Umphakathi ohlwempu wahlomula ngezingubo zokulala kulomcimbi kaNgqongqoshe.



Abaphathwa ngamehlo waphela umcimbi sebebona njengoba bahlomula ngezibuko.

SIXOXA NGEZITHOMBE

KUYAQHUBEKA UKULETHWA KWENTUTHUKO EMPHAKATHINI NGUMNYANGO WEZEMPILO ESIFUNDENI SASE ZULULAND



Ungqongqoshe weZempilo uphendulwe isoyi lokwakhiwa kophtholampilo endaweni yaseBhokwe.



uNgqongqose weZokuthutha waphinde waphendula isoyi lebhuloho elizowelela emtholampilo.



Bebambisene oNgqongqoshe bemukelisa izinduku zokuhamba kumphakathi ozidingayo.



Amaqembu ebhola ahlomula ngamajezi kuMnyango weZempilo ngengathi kuyophendulwa amasoyi eBhokwe.



Eshlomule ngezibuko wakhombisa oNgqongqoshe ukuthi useyakwazi ukuzifundela.



Nakulomcimbi ogogo nabakhubazekile bathola izingqola zokuhamba kuNgqongqoshe..

KUVAKASHELE UMNANGO WEZEMPILO EBHADENI



Babephume ngobuningi abasebenzi bezeMpilo ukuyosiza umphakathi waseBhadeni endaweni yaseDumbe ngolwezeMpilo

Inhlangano yabasebenzi beZempilo I Khanya Africa ibamba iqhaza elikhulu kakhulu ekuzameni ukwenza izimpilo zabantu zibe ngcono. Lenhlangano ihlanganisa abasebenzi beZempilo kwimikhakha eyehlukene.

Ivakashela izifunda ezehlukahlukene kulesisifundazwe ukuyonika umphakathi usizo lweZempilo kubantu basemphakathini ikakhulukazi labo abangekho eduze kwezibhedlela noma imitholampilo. Lokhu bakwenza ngesikhathi sabo njengoba bejwayele ukukwenza ngamaSonto nokungavamile ukuba usuku lokusebenza njengoba besuke bekwenza ngokuvolontiya futhi bengeke baze bakhokhelwe kepha kuwukuthanda kwabo.

Isifunda saseZululand sibe senhlanhleni yokuvakashelwa yilenhlangano endaweni yase Dumbe eBhadeni. Abasebenzi base-Dumbe Community Health Centre nabehhovisi



Isifunda babephume ngobuningi babo ukuyosiza lenhlangano.

Ihhovisi likaNgqongqoshe woMnyango weZempilo kulesifunda libamba iqhaza elikhulu uma kunaloluholo lokuvakasha njengoba noNgqongqoshe ebakhona ukuzibonela ngawakhe aphinde amukele nabasebenzi balenhlangano.

Kwenzeke into efanayo naseBhadeni njengoba ihhovisi lakhe lalithunyelwe nakuba yena engafikanga kade elindelwe ngenxa yemibiko yokungaphatheki kahle ngalolosuku.

Ngalolusuku kwanikwa usizo olwahlukahlukene lweZempilo njengoba umphakathi wawuhlololwa isifo se BP, Ushukela, uMdlavuzwa wesibiletho nezinhlobo, isifo sesandulela ngculazi, isifo sofuba, isifo samathambo, abaphathwa amehlo kanye nezinye izifo ezihlukene. Wonke umuntu wabe ephuma nosizo kulendawo ngalolusuku.



Umtholampilo womphakathi waseDumbe wazikhipha ngobuningi bazo izinsiza kusebenza usizana nesibhedlela iVryheid ukuqinisekisa ukuthi konke kuhamba kahle ngalolusuku.

Abasebenza ngesifo sofuba beholwa uMnu B R Khumalo behambisana noMnyango wezokuxhumana kwihhovisi lesifundeni saseZululand baphuma bahambela umphakathi wakulendawo ukuyohlola isifo sofuba kulabo bantu ababesemakhaya abo ababenagaphumelelanga ukuzizela ngokwabo ngenxa yokugula. Babenikwa amabhodlela okukhwehlela ukuze kuthathwe izikhwehlela zabo ziyiswe eDumbe ukuyohlololwa lesisifo bezokwazi ukuba bathole usizo lokwelashwa. Kukwumsebenzi womsebenzi weZempilo ukunika imfundiso ngempilo yingakho laba ababevakashela imindeni babeyinika imfundiso kwaphinda kwashiywa namaphasela okudla kuleyomizi ehlwempu.

“Kubalulekile ukuthi umphakathi ufundiswe ngendlela yokuziphilisa ngokulima ukuze uhale unezitshalo” kusho umnu Dennis Luthuli osebenza ehhovisi likaNgqongqoshe.

Lokhu kwakushiwo ngenkathi kukhishwa izinsiza kusebenza zasengadini zinikwa umphakathi ukuze ukwazi ukulima uthole ukudla. Kujwayelekile ke ukuthi kwenzeke lokhu uma Ungqongqoshe evakashela imiphakathi eyahlukene kanti kuyasiza ukukhuthaza ukulima izitshalo.

Umnu D Luthuli wakujabulela kakhulu ukuba kulomcimbi wadlulisa ukubonga emphakathini owukhombise ukuluthathela phezulu loludaba njengoba wawuphume ngobuningi bawo.



LUYAQHUBEKA UHLELO LOKWAKHIWA KWEMITHOLAM-PILO KWISIFUNDA SASE ZULULAND



UNkz L Mbatha obhekelele ukwakhiwa kweMitholampilo ebonisana nenkontilaki ngokumele kwenzeka njengoba kwakhiwa kabusha iMaphophoma endaweni yakwaNongoma

Luyaqhubeka uhlelo lokwakhiwa kweMitholampilo kwisifunda sase Zululand njengoba zilokhu zingene njalo izicelo eziqhama emiphakathini. UNkz L Mbatha obhekelele loluhlelo ukuqinisekisa ukuthi ikhona iMitholampilo engaphansi kohlelo lokulungiswa nokwakhiwa. Lesisifunda sineMitholampilo

engamashumi amahlanu nanhlanu. Iyisishiyagalombili iMitholampilo esemaphethelweni okuqedwa ukwakhiwa kunyaka ka 2008/2009. Iyishumi nesithupha angaphansi kohlelo lokulungiswa okulindeleke ukuthi iphele ngawo unyaka wezimali ka 2008/2009. Iyisikhombisa iMitholampilo

ezokwakhiwa ngonyaka ka 2009/2010.

Usaqhubeka umphakathi noku-faka izicelo zawo zokwakhiwa kweMitholampilo. Kumanje zingamashumi amane izicelo ezifakiwe zokwakhiwa kweMitholampilo. Zonke lezicelo ziyaphenywa ukuze kutholakale kahle ukuthi kumele yini imitholampilo yakhiwe kulezozindawo ecelwe kuzo.

Khona manjalo obhekelele ukulungiswa kweMitholampilo uMnu Bonginkosi Hlatshwayo uthi luyaqhubeka kahle uhlelo kulesisifunda. Yena ubhekelela ukulungiswa kwezinto ezifana namapayipi, amanzi, ilezo zindlu ezivele sesizisebenza, izingqalasizinda, amathange amanzi, kanye nokunye okuningi. UHlatshwayo usebenzisana no Nkk Mbatha njengoba kumele azi konke okuqhubekayo uma kwakhiwa uMitholampilo. Bakuqinisekisa ukuthi konke ukusebenzisana kwabo kusahamba kahle kuze kube yimanje.

Communication office Christmas Message

This office is trying by all means to go around all our health institutions and locate stories/articles that are of great importance to you as *EzaseZululand* readers. We are now approaching the time of the year where almost all people are preparing messages and presents for their loved ones. We therefore take this opportunity and wish you all the best for the festive season. We pray that may God Almighty be with you in everything good that you will be doing.

(Sihle Mafambane and Thabisile Ngcobo)



Compiled by

Thabisile Ngcobo

and

Sihle Mafambane

King Dinizulu Highway,

Ulundi, 3838

**P/Bag X 81, Ulundi,
3838**

Tel- 035 8742381

Fax-035 8742457